Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 21 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Amathunzi Ezintaba' | 17 | 24 |
| | | |
| 7.2 'Ingcebo Yezicebi Nezimpofana' | 18 | 25 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Sezibuya Inhlazane' | 17 | 27 |
| | | |
| 8.2 'Nonkululeko' | 18 | 28 |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Ekufikeni kwakhe kwaNonkamfela kwafuneka ukuba ahambe ayoyazisa inyanga ukuthi usebuyile. Wayehlose nokuthi ngalolo suku aqedele nenkokhelo eyayisisilele, ezwe noma hleze kukhona inyanga eyayingafisa ukukuphawula. Nebala kusihlwa selithanda ukuphola ilanga, wanikela khona wayifumana iziphumulele endlini ibeke umancishana ide yehlisa ilanga lasemini kwazise kuyashisa kuleliya eligudla ugu. Ukushisa kwelanga lakhona kufana nezulu lakhona elina unyaka wonke uze uyophela golokoqo. Kuyivela kancane ukuthola izimoba zakhona zichelelwa ngenkasa ngoba imvula khona **yinsakavukela umchilo wesidwaba**. Wezwakala eseluqanduqandu umfo kaMkhumane ekhuleka; 'Mankonofela owankonofela izifo zabafo nabafokazana, nsizw' endala eyacwil' esizibeni izinyanga ibhekene nenkosazana! Makhos' amakhulu!'
'Ngena mfo kaMkhumane sizwe ukuthi usiphathele ziphi ebaQulusini.'
'Hhiya baba, singaniphathela ziphi ngaphandle kwawo amahlalakhona lawa ezifo zethu?'
'Cha ubukeka uncibilikile Mkhumane, negazi liya ngokuya lihlambuluka. Kufanele uqikelele ukuyisebenzisa impela leya mithi engagcina ngikunikeze yona.'
'Kuyokwenzeka kanjalo baba Mbeje. Sengiphose ngalibala into ebekufanele ngiqale ngayo. Baba bengiphethe nanansi inkomo eyayisilele,' washo wawachaya amaphuphu ezikhova.
'Thatha lokhu ukwethule emakhosini. Konke okungena lapha akukhona okwami okwamakhosi. Ngingajeza nokujeza uma ngingakwenza okwami, ...'

1.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile ngabe lezi zitatimende ezilandelayo ziyiqiniso noma azilona iqiniso? (Bhala inombolo yombuzo bese ubhala: **iqiniso** noma **akulona iqiniso** lapho kufanele khona.)

1.1.1 Ekufikeni kwakhe kwaMbeje kwafuneka ukuba uSandanezwe ahambe ayokwazisa uFohlela ukuthi usebuyile. (1)

1.1.2 Kubo kaSandanezwe kusebaQulusini. (1)

1.1.3 USandanezwe wakhokhela uNonkamfela imali eyayisilele ngalolu suku. (1)

1.1.4 Inkokhelo ebekwa nguSandanezwe kufanele ayethule kuFohlela. (1)

1.1.5 Kule ndawo yaseMacekane kunodedangendlale bamasimu kamoba. (1)

1.2 Ngokwale noveli uhlala kuphi uNokulindela? (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi:
Imvula khona **yinsakavukela umchilo wesidwaba** sisho ...

A into eyenzeka zonke izinsuku.
B into eyenzeka kanye ngonyaka.
C ukugqoka into eyodwa njalo.
D ukuchelela amasimu njalo ntambama. (1)

1.4 Yiziphi izinto EZIMBILI ezenza ukuthi uNonkamfela azame isu lokuxosha uSandanezwe emzini wakhe? (2)

1.5 Tomula ibinzana/umusho okulesi siqeshana ofakazela ukuthi inyanga yayibeke ukhamba phambi kwayo ngesikhathi kufika uSandanezwe. (1)

1.6 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo bangabantu abanjani ngokwezenzo zabo. Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye.

1.6.1 UZondiwe (2)

1.6.2 UMaZikalala (2)

1.7 Ithini indikimba yale noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.8 Kwasehlisa kanjani isithunzi sikaZabalaza ukushaywa nguSandanezwe phambi kukaNokulindela? (2)

1.9 USandanezwe wayengathembekile kwezothando. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Kulungile baba, ngisazoke ngiyocela imoto yalaphaya kwaSiwela ukuba basisize khona namhlanje, hhayi kusasa.' Nebala umnumzane wakwaSiwela akazange aba lukhuni komakhelwane bakhe. Kwasukwa ngayo leyo ntambama kuphikelelwe kwaCeza. Kwathi kuqambe kuqeda nya ukuhlwa, yabe ima imoto egcekeni kwaMbuyisa. 'O! Sikhulekile baba Mbuyisa! SingabakwaMkhumane kwelasenhla ebaQulusini size ngokugula!' Kwathuleka isikhashana, kwathi ngesikade lezwakala izwi eliyisihosho; 'Ngenani naye kuleya ndlu engezansi, umfana uzonilayela, ngiyeza khona manje.' Bahamba bayongena lapho umfana ebalayele khona. Wathi uma efika uMbuyazi wezwakala encinciza; 'Benihlaleleni nalo muntu esecishe wanifela nje? Niyambona ukuthi usengamathambo kanjani?'
'Besilokhu sizama baba kodwa kusho khona ukuthi ukufa akuzwa lutho.'
'Awuthi sibone-ke nsizwenye. Ake ukhumule sibone izimbilaphu ukuthi zinjani zona njengoba zonke izindlala zivuvukele nje. Anibheke imihlola madoda, nihlezi nomuntu izimbilaphu sezivuvuke kanjena. Buka nje lo muntu, ayisekho neyodwa indlala engavuvukile emzimbeni wakhe. Namanje mfana kusho ukuthi izimbiza obuzidla zinamandla ngoba zikwazile ukubamba lezi zimbilaphu zingaqhumi esikhathini eside kangaka. Le nto iyilumbo elicushwa kumuntu wesifazane. Abanye balicupha ngalesi silwane okuthiwa yimbila bayixube nezinhlamvu zesihlahla esithile okuthi uma leso sihlahla sesiqhuma nazo ziqhume ...'

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.10 Ngubani owasiza umndeni kaSandanezwe ngemoto yokuya kwaCeza? (1)

1.11 Inyanga yathi licushwa kanjani ilumbo athakathwe ngalo uSandanezwe? (1)

1.12 Ngokubhekisa emgqeni wesi-9 kuya kowe-14, bhala imibuzo EMIBILI ebuzwa nguMbuyisa kulesi siqeshana osifundile. (2)

1.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI inkulumo kaMbuyisa kusuka emgqeni we-15 kuya kowe-19. (2)

1.14 Nikeza ubuhle nobubi bezenzo zomlingiswa onguNonkamfela kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

1.15 Chaza ukuthi kungani sithi uSandanezwe ungumlingiswa omkhulu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Kungani kwaba yisenzo esihle ukuthi umnumzane abahlawulise kanzima oZabalaza ngokuthakatha uNokulindela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Umbhali wale noveli uphumelele ukusivezela kahle isifundo kule ndaba. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Ngelinye ilanga ubaba wagqoka ihembe lakhe lishwabene ngoba engenakulilungiselwa noma engenakunikwa insimbi alilungise. Kwala noma ethi ucela indodana yakhe ukuba imcelele umakoti amlungiselele, wathi usejahe emsebenzini yena. Uma ephumela ngaphandle abantu bayamangala ukubona uyise wabantu **abagwilike** kangaka, abahlala bebahle ngaso sonke isikhathi, engcole ngalolu hlobo. Abanye babeze bazibuze ukuthi ngabe akaqambi yini amanga uma ethi unguyise wabo na. Bayambona futhi ukuthi lo muntu uya ngokuya eguga kube sengathi akasadli nakudla lapho ehlala khona. Ngelinye ilanga ubaba ezihambela nje emgwaqeni bude buduze nalapho ehlala khona edolobheni laseThekwini, abonwe omunye umuntu ohlala ngalapho ehlala khona, ambingelele maqede bese ethi wamuzwa exoxa indaba yakhe, wasecabanga ukuthi amfundise ukudlala ilotho. Wabe esemcela ukuba ake afike kuyena. Lavuma-ke leli khehla, wayeselinika inombolo yomuzi wakhe. Ngemuva kwezinsuku ezine, babonana. Baxoxa. Bavumelane. Wameluleka ukuthi idlalwa kanjani ilotho nokuthi kusetshenziswa malini uma ufakela izinombolo ezingaki nokuthi idlalwaphi. Wabuye wamtshela ukuthi kuvulwa nini kuvalwe nini nezinsuku okudlalwa ngazo. Wambuza ukuthi wake wawadlala yini amahhashi, waphendula ngokuthi cha! Kwase kusho ukuthi kufanele adlale naye izinsukwana ezimbalwa aze afunde kahle impela.

2.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile ngabe lezi zitatimende ezilandelayo ziyiqiniso noma azilona iqiniso? (Bhala inombolo yombuzo bese ubhala: **iqiniso** noma **akulona iqiniso** lapho kufanele khona.)

2.1.1 Umuzi kaMjwayeli useGoli. (1)

2.1.2 Ngelinye ilanga uManyoba wagqoka ihembe lakhe lishwabene ngoba engenakulilungiselwa noma engenakunikwa insimbi alilungise. (1)

2.1.3 Umakhelwane kaMjwayeli wafundisa uManyoba ukudlala ilotho. (1)

2.1.4 Umakhelwane wabuye wambona uManyoba ngemuva kwamaviki amane. (1)

2.1.5 UManyoba wayengakaze awadlale amahhashi. (1)

2.2 Ngokwale noveli uhlala kuphi uMduduzi? (1)

2.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lichazani igama elibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo:
… uyise wabantu **abagwilike** kangaka. Abantu …

A abanemali eningi.
B abahlukumeza abanye.
C abenza ubugebengu.
D abathakatha abanye. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.4 Yiziphi izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi amadodana kaManyoba avumelane ngokuhlalisa abazali bawo ngokwehlukana? (2)

2.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ofakazela ukuthi uManyoba wayeya ngokuya encipha emzimbeni ngesikhathi ehlala nendodana yakhe. (1)

2.6 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo bangabantu abanjani ngokwezenzo zabo. Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye.

2.6.1 UMduduzi (2)

2.6.2 UFanyana (2)

2.7 Ithini indikimba yale noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

2.8 Ngesikhathi uManyoba ehamba nenduna uNgobese beya ehhovisi likaNdabazabantu, yini eyayenza ukuba azizwe ejabula kodwa aphinde ashaywe uvalo? (2)

2.9 UNtombela wayengathembekile kumkakhe waseXobho. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Emuva eGoli uFanyana uyobuza lapho kwase kujwayele khona umama wakhe. Umama wakhe wabe enomuzi ongumakhelwane ayewuvakashela emini afike athole okuya ethunjini. Lo muzi iwona umama ayewuxoxela ngendlela aphatheke ngayo lapha emzini wendodana yakhe. Kulo muzi yilapho umama ayesethandazela khona. Wayethokoza lapha umama ngoba umama wakulo muzi naye kwakunguMaNdlovu. Lo MaNdlovu naye wayewumuntu okholiwe futhi ezithanda izihlobo zakhe.

'Ngqo … Ngqo …!'

'Ubani lowo? Ngiyaphupha yini bantu?' Kubuza lo mama.

'Yimina uMchunu, makhelwane.' Sekuphendula uFanyana ngezwi elincengayo.

'Ngiyaphupha ngilele yini? Uthi akuzuvuka ubaba emathuneni esazilalela? Ngabe uwena lo ozongena kwami? Umkakho wayengibiza ngomthakathi!'

'Cha! Awuphuphi mama. Ngicela ukungena, Gatsheni.'

'Yeyeni webantu! Anizwe engibhuqa, uthi ngizwe kahle, uthini?'

'Hawu Boya benyathi! Ngicela ungingenise, kukhona udaba engize ngalo.' Eseze wagebisa ikhanda. 'Ngena. Ufunani? Sheshisa ngiyasebenza la endlini. Ngiseneziningi izingubo okufanele ngiziwashe.' Wangena wangabe esapholisa maseko, wahlala phezu kwendaba. 'Njengoba wazi ukuthi uhambile umama izolo, abafowethu obekufanele babonane nabo esiteshini eMnambithi ababatholi. Sebebafune baze badela.'

'Pho mina ngixhumaphi lapho njengoba ukhuluma nami ngila eGoli?'

2.10 Wayeyokwenzani uFanyana lapho okwakujwayele khona umama wakhe? (1)

2.11 Yiluphi usizo uMaNdlovu ayeluthola uma evakashele umakhelwane ngokwalesi siqephu? (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.12 Ngokubhekisa emgqeni wesi-8 kuya kowe-11, bhala imibuzo EMIBILI ebuzwa ngumakhelwane kaFanyana kulesi siqeshana osifundile. (2)

2.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka emgqeni we-15 kuya kowe-18. (2)

2.14 Nikeza ubuhle nobubi bezenzo zomlingiswa onguThembalihle kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

2.15 Chaza ukuthi kungani sithi uManyoba ungumlingiswa omkhulu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Kungani kwaba yisenzo esihle ukuthi uManyoba abaleke epulazini likaGeorge, ahambe ayosebenza emafemini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Umbhali wale noveli uphumelele ukusivezela kahle isifundo kule ndaba. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Wethuka esefikile lapho okulindwa khona izinto zokuhamba uBhekani. Umqondo wakhe ugcwele imicabango engapheli. Akukho nokuncane ukujabula emphefumulweni wakhe. Iphupho namanje usengalixoxa ukusuka nokuhlala. Akawanaki vele amaphupho, futhi akafuni nezincazelo zawo kodwa leli lanamuhla linomkhuba phakathi. Okuxaka kakhulu-ke futhi ukuthi nonina uphuphe lona leli phupho. Ame athule du. Umqondo wakhe ugxile ephusheni. Kusobala ukuthi uyise ufuna ashade ngokushesha uBhekani. Ingani ephusheni umbuze kaningi ebuza umbuzo owodwa: 'Namanje awukafuni ukuganwa? Namanje awukafuni ukuthatha umfazi?' Uma ekhumbula kahle uBhekani sengathi uphendulile kodwa uyise **wahwaqa,** ekhombisa ukuthi impendulo ayimgculisi.
'Cha, kuzofuneka ngiganwe.' Ukhuluma yedwa njalo uBhekani. 'Kodwa ngizoshada nobani?' Wayezibuza lo mbuzo, impendulo wagcina engayitholanga. Umqondo wakhe wazulazula ethatha ebeka izintombi asake athandana nazo. Wayethi uma ezifaka esikalweni, ezihlolisisa zonke zingafaneli ukumgana. Bayanda manje abantu lapha okumelwe khona amatekisi. Nakhu sekufika intokazi ima eduze kukaBhekani. Athikaziseke emicabangweni yakhe. Abuke le ntokazi. Inhle. Imhlophe qwa. Izinwele lezi zilungiswe ngobunono obukhulu. Zinhle zikanywe kahle. Athi uma eyibhekisisa abone ubuhwanqa obuphuphuzelayo obucishe busikaze izihlathi. Kanti zinjani zona izihlathi! Ungafunga uthi azigcotshwa kodwa ziyapholishwa.

3.1 Ngokwalesi siqeshana osifundile ngabe lezi zitatimende ezilandelayo ziyiqiniso noma azilona iqiniso? (Bhala inombolo yombuzo bese ubhala: **iqiniso** noma **akulona iqiniso** lapho kufanele khona.)

3.1.1 UBhekani usefundise iminyaka emihlanu nje vo. (1)

3.1.2 Okwakuxaka uBhekani kakhulu ukuthi nonina wayephuphe lona leli phupho elibuza ukuthi uganwa nini. (1)

3.1.3 UBhekani wayeqala ngqa ukubona uTholakele ngalolu suku. (1)

3.1.4 Izihlathi zale ntokazi zabe zipholishwa. (1)

3.1.5 UTholakele wafike wama eduze kukaBhekani. (1)

3.2 Ngokwale noveli uhlala kuphi umama kaPamella? (1)

3.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lichazani igama elibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo:
… uyise **wahwaqa.** Ukushintsha ebusweni ekhombisa …

A ukuthukuthela.
B ukujabula.
C uthando.
D ukwaneliseka. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.4 Yiziphi izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi umama kaBhekani abone uThokaleke engakufanele ukuba ngumakoti wendodana yakhe? (2)

3.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ofakazela ukuthi uBhekani wayengenayo intombi ayethandana nayo ayeyibona isezingeni lokuba umakoti wakhe. (1)

3.6 Chaza ukuthi laba balingiswa abalandelayo bangabantu abanjani ngokwezenzo zabo. Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye.

3.6.1 UZenze (2)

3.6.2 Umalume kaBhekani (2)

3.7 Ithini indikimba yale noveli? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.8 Isenzo sikaBhekani sokulobola uTholakele sabulimaza kanjani ubudlelwane phakathi kwakhe nomalume wakhe? (2)

3.9 UBhekani wayengathembekile kwezothando. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Akahlalanga isikhathi eside. Wafika uTholakele. Muhle nanamuhla uTholi lo. Ushaye zona futhi ezimnyama kodwa hhayi ezifana nezayizolo. Athi uma ebuka lezi zingubo uBhekani akhumbule amagama kaSifiso. Ubuhle bukaTholi busheshe buwususe lo mqondo omfikelayo.
'Singayitholaphi indawo esingahlala kuyo isikhashana eside nje Tholakele?'
'Asiye kwami. Uzokhululeka lapho, akukho nkinga.'
'Kanti uhlala wedwa?'
'Ngihlala ngedwa.'
'Kungcono-ke uma kunjalo.'
'Asihambe-ke.'
Bahamba belinganisene uBhekani noTholakele. Abone uBhekani ukuthi bayalingana. Wakheke kahle uTholakele. Ubukhosikazi bumfanele impela. Abaxoxanga kakhulu endleleni, uTholi imibuzo eminingi wayethi uzoyiphendula endlini. Bathe befika endlini, wavula uTholi, bangena.
'Kuhle lapha endlini yakho Tholi.'
'Ngiyabonga. Izinto zami eziningi zasala ekhaya.'
Akukho sihlalo lapha. UBhekani kwathiwa akahlale embhedeni.
'Ngingakwenzela isiphuzo?'
'Ngingajabula kakhulu.'
UTholakele wenza isiphuzo nje uBhekani uthola ithuba lokumbuka kahle. Isiketi asigqokile sinezinkinobho phambili ezisuka phezulu ziphele ezansi. UTholi akazifasile ezimbili ezingasekugcineni. Amehlo kaBhekani awasasuki kuleso sikhadlana sezinkinobho esiveza ithanga likaTholi.
Aqede ukwenza isiphuzo uTholi, asibeke oqwembeni lokhethe oluhlotshisiwe, asilethe. Bahlale basondelane.
'Ngethemba ukuthi awuze ngakho ukuzongeshela lapha Bheki. Ngikuthatha njengesivakashi nje sami.'

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.10 Wayegqoke izingubo ezinjani uTholakele ngalolu suku? (1)

3.11 Zingaki izihlalo/izitulo endlini kaTholakele? (1)

3.12 Ngokubhekisa emgqeni wesi-5 kuya kowesi-9, bhala imibuzo EMIBILI ebuzwa nguBhekani kulesi siqeshana osifundile. (2)

3.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka emgqeni wama-20 kuya kowama-27. (2)

3.14 Nikeza ubuhle nobubi bezenzo zomlingiswa onguLindiwe kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA eliveza ubuhle neLILODWA eliveza ububi. (2)

3.15 Chaza ukuthi kungani sithi uBhekani ungumlingiswa omkhulu kule ndaba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Kungani kwaba yisenzo esihle ukuthi uTholakele anqabe ukungenwa nguBhatomu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Umbhali wale noveli uphumelele ukusivezela kahle isifundo kule ndaba. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

DUMA: Wowu! Umuntu ongukhandaqinile akabuboni ubuhle obenziwa ngumuntu amzondayo. Phela uyangizonda uDlamini. Asimyeke uDlamini okwamanje. Indlela obeka ngayo inginika ithemba. Mbandlwa, ngicela usho uma ngabe unenkinga nge-*air time* futhi ungajwayeli ukuyivala iselula yakho.

MBANDLWA: Cha, okwamanje ngisenayo. Phela kuseyiyo lena owanginika yona. Uzame-ke ukucupha isisoka enkulumeni yakho ngosuku lomhlangano. Angifuni ukubona umholi wami ebhibhidla phambi kwabantu.

DUMA: Elokubhibhidla lihoxise wenobhala. *(esho ehleka)* Mina angisiyo ingane. Ngangingeke ngiqonywe ngize ngiganwe ngungqeqe wakwaMashu ukube ngangibhibhidla. Lokho nje kukodwa kungubufakazi bokuthi ukubhibhidla nami, izinto ezingahlobene.

MBANDLWA: Asazi phela. *(eneka nezandla)* Mfowethu, angikushiye. Phela sekuhlwa ngomnyama. Sengingaze ngihlangane noDlamini ebumnyameni. Phela ngeke angiyeke lowo uma ehlangana nami ebusuku.

DUMA: Hawu! Sale usulinda ukudla kwakusihlwa. Uzothini nje uMaShezi usuhamba ungadlile kanti futhi wena awuganiwe?

MBANDLWA: *(ahleke aze amkhombe)* We! We! Awuzwe uDuma madoda! Ukuganwa lokhu nikwenza igugu elizedlula zonke izinto. Mina ngisenaye umama. Kanti-ke nje mfowethu, ngiqinisile uma ngithi asingakuvumeli ukuhlwa kuqhubeke ngingakahambi. Useyoxola naye umuntu wakwaMashu. (*ahleke*) Angithi ngihlezi ngidla lapha ekhaya. Hhayi, sala kahle mfowethu. *(asukume)*

DUMA: Uma uphatha elobumnyama, ngiyakuvumela. Woza-ke ngikukhiphe.

4.1 Ngubani obizwa ngokhandaqinile esiqeshini? (1)

4.2 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uMbandlwa enqabe ukulinda ukudla kwaDuma ngalolu suku. (2)

4.3 Yiliphi icala ayeboshelwe lona uDlamini? (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Uzame-ke **ukucupha isisoka** enkulumweni yakho ngosuku lomhlangano.
Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

A Ukukhuluma ngobugwala.
B Ukukhuluma kakhulu.
C Ukukhuluma ngobuciko.
D Ukukhuluma ngobudlabha. (1)

4.5 Chaza ngephuzu ELILODWA ukuthi kungani sithi uDuma wazifaka yena enkingeni agcina esekuyo? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.6 Tomula umusho enkulumweni kaDuma osikhombisa ukuthi uMbandlwa wayenomakhalekhukhwini. (2)

4.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 4.7.1 | Wayebizwa ngoMzizi | A | UDuma |
| 4.7.2 | KwaMashu kusekhweni lakhe | B | UShandu |
| 4.7.3 | Washaywa yinduna | C | UMaNgema |
| 4.7.4 | Waphathwa isifo senhliziyo | D | UDlamini |
| 4.7.5 | Wafundela ubuthishela | E | UMbandlwa |

(5 x 1) (5)

4.8 Lukuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Chaza kafushane. (2)

4.9 Ukushiswa kukaDlamini nomndeni wakhe kwadalela ikhansela uDuma isixakaxaka. Yiliphi isu/iqhinga alenza ukuzama ukuphuma kule nkinga ayesebhekene nayo? (2)

4.10 Ucabanga ukuthi ukuziphatha kwekhansela uDuma kwamphazamisa kanjani ukuthi asebenze ngokukhululeka endaweni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

| | |
|---|---|
| DUMA: | Lalela phela. UMaShezi usephendukile. Wethuswe yisimo lesi sakho kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlule kwami badelela. Ngempela **uyatwetwa manje**. Uze wathi kungaba ngcono uma mina ngingazehlisa enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu. Hheyi! Wethuke ngempela uMaShezi. Ngethukile ngoba ngiyamazi umkami. Ubebhodla umlilo ngokuyokhuleka enkosini kodwa manje usemane waphenduka kuhle kwemali uma abafana bedlala isipina. |
| MBANDLWA: | *(Asukume)* Uyadlala uMaShezi! Hhayi bo! Senzeni? Sijabulise lezi zilima ezingahambisani nezinguquko? Lutho! Lalela lapha wena! Hamba uye emaphoyiseni ufike ubike ngomhlangano ofuna ukuwubiza maqede uwacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. Uchaze nje nangobungozi babo. Ngeke amaphoyisa akwenzele phansi. Akekho umuntu ongazithela emaphoyiseni ewabona. Uyabona, lowo mhlangano uyokunika amandla ngoba uyonunusela abantu ngezinhlelo ezikhangisayo okufanele zenziwe. Ngiyakutshela nongafuni lutho ngekhansela, uyophenduka ahambisane nalo. Emva kwalowo mhlangano uyophenduka inkosi. Imilomo, bheka koDlamini *(avale umlomo wakhe ngesandla elingisa amazwi akhe)* koDlamini. |
| DUMA: | Usuyakhuluma-ke mfo. Uyazi okunye engikucabangayo ngukuthi umhlangano akusadingeki siwubize ngombhobho. Sizobhala isimemo esikhangisayo maqede sicele ozosibhalela sona ngekhompyutha. Ukusukela lapho, siyozigaya emshinini lona ozokhipha sekuyizimemo eziningi ukuze sikwazi ukuzinameka kulo leli wadi lami. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.11 Yini eyayethuse uMaShezi kulesi siqeshana? (1)

4.12 Bhala isizathu esenza ukuthi uMaShezi ayoxoxisana noMaNgema. (1)

4.13 Inkosi uShandu ithi intuthuko yayizodala ziphi izinkinga endaweni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.14 Ngubani umqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.15 Izinqumo ezathathwa yinkosi uShandu esibhedlela zayishintsha kanjani inhlalo emphakathini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.16 Ubaluleke ngani umlandi emdlalweni? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.17 Inkosi uShandu yayihlakaniphe ngaphezu kwendlela uDuma ayeyibona ngayo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.18 Phawula ngamaphuzu AMABILI usho ukuthi kungani uSayitsheni echazwa njengomlingiswa olimelayo iqiniso. (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA I

| | |
|---|---|
| SONTO: | Yini indaba? |
| NHLEKO: | Umthetho sisi. |
| SONTO: | Cha, okwami kuhlukile. |
| NHLEKO: | Ngilalele, qhubeka uchaze. |
| SONTO: | Mina ngikhonza naye, unguMfundisi wami. |
| NHLEKO: | Hhawu kanti uyadlala. Ubala lolo ongitshela lona. Kuke kwafika ingelosi yathi ithunywe nguNkulunkulu kuMfundisi kodwa asiyingenisanga. Uyini-ke wena? |
| SONTO: | Ngifuna nje ukumenzela umkhuleko bese ngiyaphuma. Angeke ngihlale. |
| NHLEKO: | Ingelosi yona ibifuna ukuzomphilisa aphume lapha esibhedlela. |
| SONTO: | *(Eseqala ukukhombisa ukucasuka.)* Umthetho onjani lo ovimba ukuthi abantu bakhulekelwe? Mina ngazi ukuthi umthetho izinkolo zabantu uyazihlonipha. |
| NHLEKO: | Musa ukusukela umthetho nkosikazi Mbhele. Ubani othe umthetho awufuni nithandaze? Mina ngithe umthetho uvimba ukubonwa kukaMfundisi, hhayi ukuthandaza lokhu wena osukusho. |
| SONTO: | Ngingathandaza kanjani ungafuni ngingene? |
| NHLEKO: | Kuseduze kabi lapha ngaphakathi, uma ungathandaza ulapho ukhona njengamanje, umthandazo wakho ungafika kuMfundisi. |
| SONTO: | Kanti udelela ngempela, uthi angithandaze ngilapha? |
| NHLEKO: | Ehhene **asiguqe**, ngizokulekelela. |
| SONTO: | *(Ngolaka)* Lalela la ndoda ndini, ngizokuceba kubaphathi bakho ngale nto oyenzayo, uxoshwe. |
| NHLEKO: | Yibo impela labo baphathi abathe ngingakuvuleli. |
| SONTO: | Hhayi, kulungile. Kangihambe-ke ngoba nakhu awufuni ukungingenisa. Kakuzukungisiza nakancane ukuphikisana nawe lapha. |
| NHLEKO: | Kungcono ngoba uyabona nawe ukuthi kakuzukukusiza nhlobo. *(Anikine ikhanda uSonto, aphenduke ahambe.)* |

5.1 Ngokwalesi siqeshana ngobani abantu ababekhiphe umyalelo wokuthi uNhleko angavuleli muntu egumbini okwakulele kulo umfundisi esibhedlela? (1)

5.2 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza uSonto azibone enelungelo lokungena abone umfundisi. (2)

5.3 Yiliphi icala elalenziwe ngumlingiswa oqavile? (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ehhene **asiguqe**, ngizokulekelela.
Igama elibhalwe ngokugqamile lisho ukuthi:

A Asixoxisane
B Asixolelane
C Asithandaze
D Asihlukane (1)

5.5 Chaza ngephuzu ELILODWA ukuthi kungani sithi uMbhele wazifaka yena enkingeni agcina esekuyo? (2)

5.6 Tomula umusho ochaza ukuthi uSonto wayengasasiboni isidingo sokuncenga umseshi uNhleko. (2)

5.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B |
|---|---|---|
| 5.7.1 | Wabulalisa uMaNtuli | A UMaMkhize |
| 5.7.2 | Wazala isigebengu | B UZinhle |
| 5.7.3 | Uhloniphekile emphakathini | C UDlamini |
| 5.7.4 | Ushintsha isikole | D USonto |
| 5.7.5 | Umakhelwane kaMbhele | E UMbhele |

(5 x 1) (5)

5.8 Lukuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Chaza kafushane. (2)

5.9 Ukulahleka kwemali uSonto ayeyigebenge umfundisi yikona okwamdalela isixakaxaka. Yiliphi isu/iqhinga alenza ukuzama ukuphuma kule nkinga ayesebhekene nayo? (2)

5.10 Ucabanga ukuthi ukuboshwa kukaSonto kwayishintsha kanjani impilo kaZinhle? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA J**

MAMKHIZE: Yikho wawusuthi ubona sengathi usecabanga ukukushiya.
SONTO: Leso esinye sezizathu.
MAMKHIZE: Wase ubona kungcono afe.
SONTO *(Ekhala)* Yebo, ukuze ngithole imali.
MAMKHIZE: Manje sekuvela kanjani ukuthi nguwe owahlela ukufa kwakhe?
SONTO: Amaphoyisa abamba oMthofi.
MAMKHIZE: Obani manje oMthofi?
SONTO: Yilezi zinja engangizithumile. Zavele zalikhipha lonke iqiniso.
MAMKHIZE: Awu mntanami!
SONTO: Kunjalo nje mama. Bazobe bengofakazi benkantolo bonke laba bantu. *(Ekhala kakhulu)* Ngeke ngidabule mama, ngeke!
MAMKHIZE: Ungalilahli ithemba mntanami.
SONTO: Sengililahlile.
MAMKHIZE: *(Ekhala)* Awu mntanami ...
SONTO: Ngiyaxolisa mama ngokukuzwisa ubuhlungu.
MAMKHIZE: Ngiyakuxolela mntanami. Kodwa mina ngisenalo ithenjana lokuthi ...
SONTO: Sisodwa nje isicelo sami mama.
MAMKHIZE: Khuluma mntanami, ngilalele.
SONTO: Ngicela ungikhulisele umntanami.
MAMKHIZE: Ngiyezwa mntanami.
SONTO: Umkhulise kahle mama, umtshele ukuthi umhlaba uyahlaba mama. Umtshele ukuthi abathatha izindlela ezinqamulelayo ezinokukhohlakala babolela ejele njengami.
MAMKHIZE: Ngeke ubolele ejele mntanami. Uzophuma ukhulise indodakazi yakho.
SONTO: Ngiyofela lapha mama. *(Akhale kakhulu.)* Awu, ngiyazisa ngomntanami, ngake ngazenza ngathanda imali, ngavumela usathane angenze ingelosi yakhe!
MAMKHIZE: Kangivalelise mntanami, nakhu sekuthiwa sesiphelile isikhathi. Usale kahle mntanami.
SONTO: Uhambe kahle mama. Ungikhonzele enganeni yami. Ungixolisele kakhulu kuyo. Uyitshele ukuthi ikhule ingabi njengami. Uyitshele ukuthi ngiyohlala ngiyithanda.
*(Behlukane kanjalo-ke. Emva kwezinyangana wavela enkantolo uSonto. Amlahla onke amacala akhe. Wagwetshwa ukudilikelwa yijele.)*

5.11 Yini eyayenza ukuthi uSonto alahle ithemba lokuthi wayengaphuma phambili kuleli cala lokufa kukaMbhele? (1)

5.12 Nikeza isizathu esenza kube nzima kuSonto ukufuna ummeli ongamzamela ukuthi athole ibheyili. (1)

5.13 Kwakulula ukuthi uDlamini akwazi ukubona ukuthi uSonto wayeyifihle kuphi imali. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lokhu. (2)

5.14 Ngubani umqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.15 Izinqumo ezathathwa nguMbhele esehhovisi likaNtshangase zayishintsha kanjani impilo kaSonto? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.16 Ubaluleke ngani umlandi emdlalweni? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.17 UMbhele wayengahlakaniphile kangako. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.18 Phawula ngamaphuzu AMABILI usho ukuthi kungani uMaMkhize echazwa njengomlingiswa olimelayo iqiniso. (2)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| THABI: | Leli su likamama phela yilona elizokukhipha osizini. |
| THENJIWE: | Uyazi uzoze ungicasule manje. Okokuqala nje uyingane kabi. Ngeke uze ungeluleke wena. |
| THABI: | Kanti uzolulekwa ubani? Angithi nomama awumlaleli? Ngitshele ubaba akhulume nawe? |
| THENJIWE: | Nansi ingulube inginonela bo! |
| THABI: | Musa ukungibiza ngengulube. Ngichazele kahle ukuthi umama lona awumlaleli ngani. **Indlela ibuzwa kwabaphambili**. |
| THENJIWE: | Uma ungafuni sixabane Thabi yeka le nto oyikhulumayo. |
| THABI: | Cha kusho ukuthi unenkinga bo. Bonke abantu okhuluma nabo uxabana nabo. Ngiya kuDumisani-ke manje ngimtshele ukuthi akasize akhulume nawe ukuze umgane. |
| THENJIWE: | Ungangihlanyeli mina. Angifune kugana muntu mina manje. USkhumbuzo wazifela kwaphela konke okuwuthando enganginakho. |
| THABI: | Angiyethembi le nto oyishoyo. Njengoba uthi ufuna ukuhamba lapha ekhaya, kusho ukuthi kukhona ofuna ukumgana. |
| THENJIWE: | Ukhuluma nami kanjalo? |
| THABI: | Ngiyaxolisa uma ngiphaphalazile. Kodwa yini wena ungabalaleli abadala? |
| THENJIWE: | Umuntu unelungelo lokuzikhethela inqubo yakhe kulezi zinsuku. Angifuni-ke nami ukuzophoqelelwa ngamasiko abhedayo. |
| THABI: | Ngiyakudabukela kodwa. Umama uzokugoba yonke le nkani onayo. |
| THENJIWE: | *(Ecasukile)* Ubani onenkani Thabi? *(Asondele kuye)* |
| THABI: | Usufuna ukungishaya uma ngikutshela iqiniso. |
| THENJIWE: | Ngibuza ukuthi ubani onenkani? Angisiso isilima sokudlala umamezala mina. Zingamane zilime ziyetsheni okungcono. |

6.1 Ngubani lo mama okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

6.2 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza uGugu athi akalithandisisi isiko lokungenwa. (2)

6.3 Yiliphi icala langempela ayeboshelwe lona umngani kaThenjiwe uSipho? (1)

6.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

**Indlela ibuzwa kwabaphambili**.
Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho ukuthi:

A Kuyasiza ukubuza kubangani.
B Kuyasiza ukubuza komakhelwane.
C Kuyasiza ukubuza kwabanolwazi.
D Kuyasiza ukubuza emaphoyiseni. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.5 Chaza ngephuzu ELILODWA ukuthi kungani sithi uSipho wazifaka yena enkingeni agcina esekuyo? (2)

6.6 Tomula umusho enkulumweni kaThenjiwe ochaza ukuthi uyabuqonda ubuhle bentando yeningi. (2)

6.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.7.1 Umngani kaThenjiwe | A UThenjiwe |
| 6.7.2 Uyakwazi ukuthunga | B UNondumiso |
| 6.7.3 Wayegula kakhulu | C UDumisani |
| 6.7.4 Waxoshelwa ukungena izindaba | D UGugu |
| 6.7.5 Wagwazwa uSipho | E Ugogo |

(5 x 1) (5)

6.8 Lukuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Chaza kafushane. (2)

6.9 Ukushona kukaSipho yikona okwadalela uThenjiwe isixakaxaka. Yiliphi isu/iqhinga alenza ukuzama ukuphuma kule nkinga ayesebhekene nayo? (2)

6.10 Ucabanga ukuthi uMaMbatha wayisebenzisa kanjani ingxabano phakathi kukaSipho noDumisani ukubuyisa ukuthula emndenini kaZungu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Angimfuni nje mama! |
| NONDUMISO: | Inkani ngeke isize ngalutho lapha mama. Ukuhlanganisa abantu ngenkani kuyingozi, bagcina bebulelene. |
| ZUNGU: | Makhulu lawo magama ndodakazi. Ngike ngasho ukuthi kukhona amasiko asefuna ukubhekisiswa kulezi zinsuku. |
| MAMBATHA: | Yimaphi amagama amakhulu lapha Manzini? Yimaphi? Wakhweza izingane phezu kwethu zibheda. Le ngane *(Akhombe uThenji)* izogana uDumisani. Sengiqedile. |
| THENJIWE: | *(Akhale)* Sengibone kahle ukuthi aningifuni lapha ekhaya. Ngiyahamba-ke manje. |
| NONDUMISO: | Kahle Thenji. |
| MAMBATHA: | Ungahamba uma uthanda. Angithi kade usuhambile vele. Ubuyiswe ubani? Uma uhlala lapha ekhaya, qonda kuDumisani. |
| ZUNGU: | Ngeke ilunge le nto yakho MaMbatha. |
| MAMBATHA: | Sekungeyami le nto Manzini? Usho ukuthini uma usho njalo? |
| NONDUMISO: | Baba, Manzini. Ngicela ukuhamba noThenji. Injongo yami ukuba siyoxoxa ekhaya ngalolu daba. Kokunye siyobuya nabazali bethu, sibhunge sindawonye. |
| MAMBATHA: | Ukhona umakoti othi ezilile abe elokhu ehla enyuka. Akayi ndawo lo. *(Akhombe uThenji)* |
| THENJIWE: | *(Emi ngezinyawo)* Ngiyahamba. Angithi awuzwa uma ngithi angimfuni uDumisani? |
| NONDUMISO: | Kahle Thenji. Njengoba siya ekhaya kokunye bazosichazela kangcono ngaleli siko. |
| ZUNGU: | Sengathi kungcono khona lokho. |
| MAMBATHA: | Angisafuni ukukhuluma manje. Uma ungazimisele ngoDumisani ngiyakudabukela. Uyogugela ezinsisheni. |
| THENJIWE: | Ngingamane ngigugele kuzo. |
| MAMBATHA: | Uphendula mina kanjalo? *(Asukume)* Phumani lapha! |

6.11 Ngobani laba bantu athi uNondumiso akufuneki bahlanganiswe ngenkani? (1)

6.12 Nikeza isizathu esasenza uDumisani athi kuThabi angambali kubantu okufanele bangene uThenjiwe. (1)

6.13 Nikeza izindlela EZIMBILI uThenjiwe akhombisa ngazo ukungahloniphi emzini. (2)

6.14 Ngubani umqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.15 Isinqumo esathathwa nguThenjiwe sokufaka ushevu etiyeni likaDumisani sayishintsha kanjani impilo yakhe uThenjiwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.16 Ubaluleke ngani umlandi emdlalweni? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

6.17 UZungu wayehlakaniphe ngaphezu kwendlela uMaMbatha ayembona ngayo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.18 Phawula ngamaphuzu AMABILI usho ukuthi kungani uGugu echazwa njengomlingiswa olimelayo iqiniso. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zindaba ezimfushane ezilandelayo:

- 'Amathunzi Ezintaba' ebhalwe ngu-NAP Khumalo
- 'Ingcebo Yezicebi Nezimpofana' ebhalwe ngu-MJ Mngadi

**UMBUZO 7: *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli**

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo ezitonyulwe ezindabeni ezimfishane ezimbili bese uphendula imibuzo ehlelwe esiqeshini ngasinye. Inani lamamaki elabelwe umbuzo ngamunye ungalisebenzisa njengomhlahlandlela wobude bempendulo.

**QAPHELA:** Phendula imibuzo ehlelwe kuzona zombili iziqeshana, okungukuthi UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

7.1 **'AMATHUNZI EZINTABA' – NAP Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

Ngaye ngaqhwakela etsheni, uNomkhosi wahlala otshanini eceleni kwami. Sabuka ubuhle bemvelo. Lapha sasizibuka ezinkakhayini zonke izintaba, amagquma, imihosha, imifula nemizi yabanumzane. Amehlo ayegijima agcine kude le, lapho umhlaba ubonakala uqabulana nesibhakabhaka khona. Ngakwelinye icala ulwandle sasilubuka kahle laphaya phansi lugubha amagagasi alo. Umuntu wabuka konke lokhu qede wezwa inhliziyo ijaja ngokunye. Kwakukuhle ngeqiniso.
'Uthini ngalobu buhle obungaka Sithandwa?' ngibuza kuNomkhosi lapho sesihlezi kamnandi, amehlo endanda zinkalo zonkana.
'Ngibona ubuhle obumangalisayo, ubuhle obunzulu obuqhamuka esandleni soMdali.'
'Ngizwa nginokujabula okukhulu, ngifikelwa yisivuvu sentokozo ngalobu buhle obungaka obufukanyelwe luthando lwethu oluyisimanga. Letha leso sandla sakho esinsobonsobo ngisibambe Nomkhosi, inkinga sekuyoba yindlela yokusiyeka singasayekeki.' Asilethe uNomkhosi isandla ngisibambe, uthando luvele lwenyuke lufinyelele emazingeni angenakulinganiswa. **Achobozele.**
'Kepha ngabe bonke abantu bayabubona nje lobu buhle bemvelo nentokomalo obuyilethayo? Mina ngibona sengathi akunjalo, kepha bonke lobu buhle bukhethelwe thina sodwa Nomkhosi.'
'Uyabona Siziba, amazwi akho angishayisa uvalo. Mahle kakhulu kunalokhu engikucabangayo. Afana nobuhlalu bamagobolondo ekhethelo, ayingcwenga engayiwa.'
'Yeyamisa lelo khanjana lakho elihlana lapha esifubeni sami Mntakwethu.' Akwenze. Ngiqhubeke, 'Ngiyabonga kakhulu ngala mazwi owashoyo.

7.1.1 Wayehleli kuphi uNomkhosi ngokwalesi siqeshana? (1)

7.1.2 Bhala OKUKODWA okuyimvelo ababekubuka ngalolu suku. (1)

7.1.3 Caphuna ibinzana lamagama asesigabeni sokuqala asitshela ukuthi okunye ababekubuka kwakuqhelile kubona. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.4 Yini eyayenza uSiziba ajabule ngalolu suku? (2)

7.1.5 Ngokwalesi siqeshana, kungani amazwi kaSiziba ayemshayisa ngovalo uNomkhosi? (2)

7.1.6 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile esiqeshini ngendlela elisetshenziswe ngayo. (2)

7.1.7 Chaza ngokuqoqeka kwale ndaba ngokwesikhathi. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

7.1.8 Lutholakala kuphi uvuthondaba kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

7.1.9 Nikeza umyalezo otholakala kule ndaba. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

7.1.10 Uthini umbono wakho ngokuhlawuliswa kukaSiziba izinkomo ezinhlanu ngecala lokubulala uNomkhosi ngokungenhloso? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

7.2 **'INGCEBO YEZICEBI NEZIMPOFANA' – MJ Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Emaphethelweni edolobheni laseMhlali wayenepulazi lesimoba, efuye amahhashi, hhayi omjaho, kepha okuzithokozisa. Kukuwo-ke lo muzi ayehlaliswe kuwo lapha eMhlali uValerie. Nokho ayechake kakhulu ngakho uMcCall kwakuwumndeni. Wayengabizwa ngangane nankosikazi.

Esamile ngaphandle ekude ngemicabango, wabona ngenye yezintokazi ezimbili ezazisebenza lapha ekhaya isiseduze kwakhe. KwakunguThulisiwe Luthuli owayezomazisa ukuthi uMnu. McCall wayekade eshaye ucingo ebuza ukuthi, 'usaphila yini, nokuthi usazithokozisa na njengoba nanixoxile?'

'Uthe ushaya ukuphi?'

'Ubesesikhumulweni sezindiza. Angazi noma uza lapha noma uya phesheya yini.'

'Angifuni ukukhuluma indaba kaDave. Kungcono ukuhlala ehlathini kunokuhlala kuleli hlane lakwakhe.' Wabalisa enengiwe. 'Angisazi noma uDave ngiyamthanda noma ngiyamdabukela yini. Ake nisho nina esenike nahlala naye isikhathi eside; uke amnike nje omunye umuntu inhliziyo isikhathi okungenani esingangengxenye yosuku?'

'Mhlawumbe ukhuluma ngohlangothi lwamabhizinisi?' kusho uThulisiwe.

'Yebo, ningaxoxa ngokuqondene nawo kuze kushone ilanga uma lingakatholakali ikhambi lokwandisa inzuzo. Uma kodwa kuya ngasothandweni, cha. Angisho nje ukuthi sengineshumi leminyaka ngilapha, ngiyisisebenzi sokuqala futhi esaqashwa kulo muzi uqediwe ukwakhiwa. Kuyo yonke le minyaka siyaqala ngqa ukudidizelela intokazi eze ngaye ingazengaludaba lwamabhizinisi. Ngike ngimbone ekutatazelela nokukutatazelela. Ungowokuqala ngqa ukuba uke uhlale kuze kuphele izinyanga ezintathu! **Kodwa wawugezephi?'**

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.2.1 Bhala igama lomlingiswa ongusomabhizinisi ngokwalesi siqeshana. (1)

7.2.2 Nikeza OKUBILI okwakwenza impilo kaDave ibe ngebukeka njengechakile/njengenobuphofu kodwa ebe enemali. (2)

7.2.3 Sizathu sini esasenza uValerie amdabukele uDave? (2)

7.2.4 Iphetha kanjani le ndaba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esisemshweni olandelayo: **'Kodwa wawugezephi?'** sisho ukuthi:

A Ubhukuda kuphi?
B Usebenza kuphi?
C Wenza ngani?
D Uhlala kuphi? (1)

7.2.6 Qhathanisa ngokubhala okufanayo nomehluko phakathi kwezenzo zomlingiswa onguValerie nezenzo zomlingiswa onguDave. (3)

7.2.7 Isenzo sikaDave sokuqamba ibha yakhe ngoValerie simveza njengomuntu onjani? Bhala iphuzu ELILODWA bese ulesekela. (2)

7.2.8 Ngokucabanga kwakho kwenziwa yini ukuthi abesifazane ababeba nobudlelwane bezothando noDave bangahlali isikhathi esingaphezu kwezinyanga ezintathu? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.9 Isingeniso sale ndaba emfushane sihle. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

**UMBUZO 8**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**SEZIBUYA INHLAZANE – SB Mlambo**

Sezibuy' inhlazane
Sekugqigqwa namagula
Sekuyisikhathi sokukleza.

Kusesibayeni solwazi
Kusengwa amahinikazi
Kusengwa izigqala

Kuyaphithizela ubuyaluyalu
Ayagcwala amathunga kuyathululwa
Kwabanye ziwakhahlel' egcwele.

Kusesibayeni solwazi
Sengathi ngumbondo neminjonjo
Bazozuza selithambama.

Asebegcwalisile bayayikizela
Sebeyeke imiyeko yokunqoba
Imiyeko bayithole sebeqedile.

**Izehluleki seziyabanyonkoloza**
Zibabeka izici bengenazo
Kuthiwa bayazidla!

Sebezizuzele izaqheqhe
Abasayikwephucwa muntu!
Yisinkwa sabo!

Nani enisashay' umphehlu
Yalelani nabanye abantu
Ngamaqhinga okusenga le nkomazi

8.1.1 Tomula uphinde ugagule imvumelwano etholakala esitanzeni soku-1. (2)

8.1.2 Bhala umqondo osobala oqukethwe yisitanza sesi-5 ngephuzu ELILODWA. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.1.3 Imbongi iqonde ukuthini uma ithi, '**Izehluleki seziyabanyonkoloza**'? (2)

8.1.4 Kungani imbongi isebenzise uphawu lokubabaza emgqeni we-18? (2)

8.1.5 Tomula igama elisho uhlobo lwezinkomo ezikhipha ubisi oluningi elitholakala esitanzeni sesi-2. (1)

8.1.6 Yisiphi isifundo esitholakala kule nkondlo? (2)

8.1.7 Ngokwenkondlo obani laba asebezuze izaqheqhe esitanzeni sesi-7? (2)

8.1.8 Chaza ngephuzu ELILODWA okushiwo yimbongi ngokucashile/ ngokujulile emigqeni elandelayo:

'Nani enishay' umphehlu
Yalelani nabanye abantu
Ngamaqhinga okusenga le nkomazi' (2)

8.1.9 Imbongi ithi uma usuzuze imfundo akekho ongakuphuca yona, iyohlezi ikusiza njalo. Uyavumelana yini nalokhu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**NONKULULEKO – Nomthandazo C Makhanya**

1 Nonkululeko ntokaz' enhle,
2 Kad' ufunwa nkalo zonke,
3 Imilomo ingavalwa ngawe,
4 Ufunw' ezintabeni zasemaweni,
5 Ufunw' emagqumeni nasezigodini,
6 Namhla ufunyenwe ntokazi enhle.

7 Nonkululeko ntokaz' enhle,
8 Ufunwe ngaphesheya nanganeno,
9 Wafunwa kuyo yonk' i-Afrika;
10 Wafunwa kuyo yonk' i-Eshiya;
11 Wafunwa kuyo yonk' iYurophu,
12 Wafunwa kuyo yonk' iMelika.

13 Nonkululeko siphalaphala sika-Afrika,
14 Ukufika kwakho kuletha intokozo,
15 Yesul' izinyembezi zeminyaka,
16 Namuhla sisin' umphiqilo,
17 Sishay' indlamu, sichway' uchwayo,
18 Sisin' umphendu, sisin' umqokozo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Nonkululeko ntokaz' enhle,
Ulindwe ngokukhul' ukubekezela,
Ulindw' abanewenu bozalo,
Baguquk' imilalandle kwezinye izinkalo,
Bagqok' izinxibi kwamany' amagquma,
Baguquk' iziduli zaphakade kwelemiphafa.

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Ukufika kwakho kufana
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,
Ewukukhanya kwaphakade.
**Ubukhona bakho bush' ukuhlabana**
Okuyosala kungumlando waphakade.

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Uzel' uNokuthula sethaba,
Wazal' uNtuthuko sethaba,
Wazal' uNobuhle sethaba,
Wazal' uNolubambiswano sethaba,
Phila njalo ntokaz' enhle!

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Mana njalo kuleyo nqubo,
Qhubeka njalo kuleyo migomo,
UNolucwasano mfak' inhlanekela,
UNoluphithano mkhomb' indlela,
UNomaqili mfundis' isifundo.

8.2.1 Bhala izindawo EZIMBILI ezisesitanzeni soku-1 ayefunwa kuzo uNonkululeko. (2)

8.2.2 Khipha umugqa oyimpindwa otholakala kule nkondlo. (1)

8.2.3 Tomula imigqa enokuxhumana esitanzeni sesi-7, udwebele amagama enza ukuxhumana bese usho uhlobo lwakho. (2)

8.2.4 Isihloko sale nkondlo siyisifengqo. Bhala usho ukuthi siluhlobo luni lesi sifengqo. (1)

8.2.5 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isizura/isikhawu emgqeni we-17? (2)

8.2.6 Tomula imigqa emibili eyisibonelo senjambamenti kule nkondlo. (2)

8.2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Indikimba yale nkondlo ...

A inkolo.
B amasiko.
C inkululeko.
D ukufa. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2.8 Imbongi iqonde ukuthini esitanzeni sesi-5 uma ithi, 'Ubukhona bakho bush' ukuhlabana'? (2)

8.2.9 Imbongi ilisebenzise kahle igama elithi uNoluphithano. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.10 Phawula ngesigqi senkondlo mayelana nesivinini bese wesekela ngokubhekisa kulokhu okulandelayo:
Umoya nemigqa yayo. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: INOVELI**

**UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa**

**ISIQESHANA A**

1.1.1 Akulona iqiniso.√ (1)

1.1.2 Iqiniso.√ (1)

1.1.3 Iqiniso.√ (1)

1.1.4 Akulona iqiniso.√ (1)

1.1.5 Iqiniso.√ (1)

1.2 KwaHlazakazi.√ (1)

1.3 Into eyenzeka zonke izinsuku.√/A√ (1)

1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ukufa okwakuphethe uSandanezwe kwakumphica. √/
- Wayebona ukuthi kungaba yingozi ukuthi uSandanezwe ashonele emzini wakhe ngoba lokho kwakuzophuphisa imithi yakhe. √/
- Wayengafuni ukuvuma kuSandanezwe ukuthi ukufa kuyamehlula ngoba engafuni ukuthunaza umsebenzi wakhe. √/
- Ukulahleka kwesitho sowesifazane ayesesitholile kwawaqeda nya amathenjana ayenawo okunqoba isifo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.5 ... wayifumana iziphumulele endlini ibeke umancishana ide yehlisa ilanga lasemini kwazise kuyashisa kuleliya eligudla ugu. √ (1)

1.6 1.6.1 UZondiwe

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Unenhliziyo enhle. Ngesikhathi kugula uNokulindela wasiza umzala wakhe ngesikhathi ehambisa ingoduso yakhe enyangeni. √/
- Uyazazisa izihlobo zakhe. Ngesikhathi ethole ikhefu lezinsukwana emsebenzini wadlula kubo kaSandanezwe ngoba efuna ukuyozwa ukuthi ngabe sinjani isimo somzawakhe. √/
- Unozwelo. Wayephatheke kabi kakhulu ngokugula kukaSandanezwe, nguye oweluleka umzala wakhe ukuthi aye kodokotela. √/
- Uyaphana. Ngesikhathi edlule kubo kaSandanezwe wafike wapha umalume wakhe iphepha elibomvu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.6.2 UMaZikalala
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Uyaqaphelisisa. Wakwazi ukuzibonela ngokwakhe ukuthi kukhona okwakungahambi kahle endodakazini yakhe. √/
- Uma kunento engamphethe kahle uyiveza obala. Ngesikhathi ebona ukuthi indodakazi yakhe ayiphathekile kahle wayihlalisa phansi waxoxisana nayo. √/
- Unozwelo. Wakhala waze waquleka ngesikhathi kugula uNokulindela. √/
- Uyalazisa ihlazo. Watshela indodakazi yakhe ukuthi ukuqoma kwayo uZabalaza kungathela umndeni wonke wakwaMchunu ngehlazo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Ingculazi√/Isifo esingalapheki √ ngoba:

- Incwadi ikhuluma ngesifo esingalapheki ingculazi. √/
- USandanezwe wahamba odokotela, izinyanga nabathandazi ezama ukuthola usizo. √/
- Bonke abelaphi ayebahamba behluleka bancama ukunqoba isifo esasimphethe. √/
- Ukufa kuSandanezwe kwakuya ngokuya kudlondlobala kwaze kwaba sesiphethweni sencwadi elokhu ebambekile. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.8 Akabange esahlonipheka kuNokulindela ngoba wayesemgcona ngakho ukungakwazi ukuzivikela √√ (2)

1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayethandana nezintombi eziningi ngesikhathi esebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini.√/
- USandanezwe wayethandana nayo yonke inhlobo yentombi: amaKhaladi, abaMnyama, amaNdiya kanye nabaMhlophe.√/
- Wayelala namantombazane amaningi ngaphandle kokusebenzisa ijazi lomkhwenyana.√/
- Wakhombisa ukungayicabangeli ingoduso yakhe uNokulindela ngoba kwakungenzeka ayithelele ngengculazi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA B**

1.10 UMnumzane uSiwela.√ (1)

1.11 Inyanga yathi balicupha ngalesi silwane okuthiwa yimbila bayixube nezinhlamvu zesihlahla esithile okuthi uma leso sihlahla sesiqhuma nazo izimbilaphu ziqhume.√ (1)

1.12
- Benihlaleleni nalo muntu esecishe wanifela nje? √
- Niyambona ukuthi usengamathambo kanjani? √ (2)

1.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMbuyisa uncoma izimbiza ebezidliwa nguSandanezwe ngoba zikwazile ukubamba izimbilaphu ukuthi zingaqhumi. √/
- UMbuyisa uthi le nto ephethe uSandanezwe iyilumbo elicushwa kumuntu wesifazane. √/
- UMbuyisa uthi leli lumbo abanye balicupha ngalesi silwane okuthiwa yimbila. √ (2)

1.14 **Izenzo ezinhle**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uyinyanga edumile ngokusiza izindimbane zabantu abagulayo.√/
- Welapha uNokulindela ngempumelelo.√/
- Uyabalalisa, abaphe ukudla abantu emzini wakhe ngaphandle kokubakhokhisa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**KANYE**

**Izenzo ezimbi:**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wacwiya isitho sangasese somuntu wesifazane owabe egingqike nebhasi.√/
- Akamtshelanga uSandanezwe iqiniso lokuthi isifo esabe simphethe siyamehlula.√/
- Wenza isenzo esasingabeka umsebenzi kaNtshingila engozini ngokumenzisa into eyicala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Nguye esimthola ekuqaleni kwendaba kuze kube sekugcineni.√/
- Nguye obhekene nenkinga yokugula.√/
- Zonke izigameko ezenzeka endabeni zithinta yena.√/
- Indaba izungeza kuye ize ifike esiphethweni engalutholi usizo aludingayo.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.16 Kwaba isenzo esihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNokulindela wacishe wafa ngenxa yesenzo sabo. √/
- AbakwaMchunu noSandanezwe bangena ezindlekweni zokwelapha uNokulindela. √/
- UMaZikalala wacishe walahlekelwa impilo yakhe ngesikhathi equleka uma ebona indodakazi yakhe ibangwa nezibi.√/
- Umnumzane kwakumele enze isibonelo ngabo ukuze nabanye abafisa ukwenza okufanayo babe nokwesaba babone ukuthi uyasebenza umthetho kule ndawo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.17 Umbhali uphumelele ukusivezela kahle isifundo kule noveli ngoba usebenzise:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Umlingiswa onguSandanezwe ukusifundisa ukuthi kubalulekile ukuziphatha kahle uma umuntu esebenza kude nasekhaya.√/
- Abalingiswa okunguNonkamfela noMbuyisa ukusifundisa ukuthi kubalulekile ukuba umuntu ogulayo aqaphele angadlali izinyanga eziqamba amanga ngokuthi zelapha zonke izifo.√/
- Isibhedlela okwalala kuso uSandanezwe, izinyanga nabathandazi ukusifundisa ukuthi alikho ikhambi lokwelapha isifo sengculazi.√/
- Inkulumompendulwano phakathi kukaSandanezwe, uyise nonina ukusivezela ukwehlukana kwabantu ngemibono ngesifo sengculaza. √/
- Abalingiswa abangoZabalaza, uNomgedla noJiyane ukusifundisa ukuthi imithi yentando ingaba yingozi uma isetshenziswa ngendlela okungesiyo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**UMBUZO 2**

**ISIQESHANA C**

2.1.1 Akulona iqiniso.√ (1)

2.1.2 Iqiniso.√ (1)

2.1.3 Iqiniso.√ (1)

2.1.4 Akulona iqiniso.√ (1)

2.1.5 Iqiniso.√ (1)

2.2 eBergville. √ (1)

2.3 Abantu abanemali eningi.√/A√ (1)

2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba wayesephelelwe amandla okuzondla yena nomkakhe. √/
- Amadodana kaManyoba ahlanganisa amakhanda ngalolu daba, abona ukuthi kuzoba izindleko ezinkulu ukubahambisela ukudla nyanga zonke. √/
- Amadodana kaManyoba ayebona ukuthi ngeke abe naso isikhathi sokubuya nyanga zonke ekhaya ngenxa yomsebenzi. √/
- Amadodana kaManyoba ayehlala kude kakhulu naseMdlovana, ngakho-ke ayebona kuzoba umqansa ukuya khona nyanga zonke. √/
- Emva kokuvumelana ngokubathatha abazali babo bayohlala nabo, babona ukuthi kuzobasinda ukubahlalisa ndawonye base beqhamuka neqhinga lokubahlalisa ngokwehlukana.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.5 Bayambona futhi ukuthi lo muntu uya ngokuya eguga kube sengathi akasadli nakudla lapho ehlala khona. √ (1)

2.6 2.6.1 UMduduzi.

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Unenhliziyo enhle. Wayebazwela abazali bakhe engahambisani nokuthi bahlaliswe ngokwehlukana.√/
- Uyamlalela unkosikazi wakhe. Uyavumelana nomkakhe uma embonisa ngephutha abalenza nabafowabo.√/
- Unozwelo ngabazali bakhe. Ngesikhathi engabafici abazali bakhe eMnambithi wazihlupha waze waya emaphoyiseni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.6.2 UFanyana.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akanaso isibindi sokumela into akholelwa kuyona. Uyabayeka abafowabo bathathe isinqumo nakuba engahambisani naso.√/
- Unozwelo. Wayengahambisani nokuba abazali babo behlukaniswe. √/
- Wehlulwa ngunkosikazi wakhe. Wavumelana naye uma ethi akathandi ukuthi umama wakhe akhuleke lapha emzini wakhe ngoba ungumuntu ongahambisani nesonto.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.7 Inhlalo yomndeni√/ ukungalilahli ithemba√ ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Inhlalo yomndeni wakwaMchunu yayingaseyinhle ngemuva kokuthi uManyoba esethathe umhlalaphansi.√/
- Ikhuluma ngokungalilahli ithemba nanxa izimo sezinzima emndenini. OManyoba noMaNdlovu baphindela emuva emzini wabo oseMsinga, baqala impilo kabusha emva kokuhlukumezeka abakuthola ezinganeni zabo ngesikhathi behlala nazo ngokwehlukana.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.8 Wayenenjabulo ngoba uNgobese wayeseshilo ukuthi uma ubizelwa kuleli hhovisi usuke uzotshelwa izindaba ezimnandi kepha wayenovalo ngoba wayengenaso isiqiniseko sokuthi ubizelwa izindaba ezinhle ngempela. √√ (2)

2.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNtombela wayeshade noMaNgubane, benezingane nomuzi endaweni yaseXobho, kuthe lapho esesebenza eGoli waphinde washada noMaNgcobo ngaphandle kokwazisa unkosikazi wakhe wokuqala. √/
- UNtombela wayenomuzi eGoli kodwa wawungaziwa wumndeni wakhe ayewushiye emakhaya. √/
- Kwavela ukungathembeki kwakhe ngesikhathi eseshonile ngoba uMaNgcobo wayengabhaliwe emafeni kaNtombela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA D**

2.10 UFanyana wayezobuza umakhelwane ukuthi alukho yini ulwazi analo ngomama wakhe njengoba umfowabo engamtholanga lapho ayeyomhlangabeza khona, eMnambithi.√ (1)

2.11 OKUKODWA kokulandelayo:
- Wayefike athole okuya ethunjini.√/
- Wayesethandazela khona.√ (1)

2.12 Imibuzo EMIBILI kwelandelayo:
- Ubani lowo? √/
- Ngiyaphupha yini bantu? √/
- Ngiyaphupha ngilele yini? √/
- Uthi akuzuvuka ubaba emathuneni esazilalela? √/
- Ngabe uwena lo ozongena kwami? √ (2)

2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UFanyana wancenga umakhelwane wakhe waze wagebisa ikhanda. √/
- Umakhelwane kaFanyana wamtshela ukuthi akangene ngokushesha endlini. √/
- Ngesikhathi kufika uFanyana umakhelwane wayematasa elungiselela ukuwasha izingubo eziningi. √/
- UFanyana wangena ngokushesha endlini watshela umakhelwane indaba ayeze ngayo. √ (2)

2.14 **Izenzo ezinhle**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wagcina esenobudlelwane obuhle nogogo wakhe ngoba esebonile ukuthi umtshela amaqiniso ngendlela okumele aziphathe ngayo.√/
- Wayesezilalela izeluleko zikagogo wakhe.√/
- Wasola abazali bakhe wabatshela emehlweni ukuthi abanayo indlela yokukhulisa intombazane. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**KANYE**

**Izenzo ezimbi:**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThembalihle wabikela umama wakhe ukuthi ugogo uyamhlupha ngokumshumayeza ngokuziphatha kahle.√/
- Wayehamba ebusuku aze abuye entathakusa. √/
- Wayengaceli futhi engabazisi abazali bakhe uma ezohamba lezi zindlela zakhe.√/
- Wayevumela ukuthi isoka lakhe elihamba ngemoto limlethe lize liyomehlisa esangweni kubo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Nguye esimthola ekuqaleni kwendaba kuze kube sekugcineni.√/
- Nguye obhekene nenkinga yokweqa epulazini ayofuna umsebenzi eGoli.√/
- Zonke izigameko ezenzeka endabeni zithinta yena.√ (2)

2.16 Kwaba isenzo esihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayengeke abe nemali eyanele yokulobola uNtombi, eyokondla umndeni wakhe, ukufundisa izingane zakhe nokuzakhela umuzi. √/
- Wayezophila ngokuhlukumezeka epulazini kanti nezingane zakhe zazingeke zibe nekusasa eliqhakazile. √/
- Wayengeke alithole ithuba lokufunda esikoleni sasebusuku nokufundela ukushayela. √/
- Wayezoba yisehluleki impilo yakhe yonke angakwazi ukuzithuthukisa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

2.17 Umbhali uphumelele ukusivezela kahle isifundo kule noveli ngoba usebenzise:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Izenzo zamadodana kaManyoba; uFanyana, uMjwayeli, uBheki noMduduzi ukusifundisa ngokubaluleka kokunakekela abazali uma sebephelelwe amandla okuzondla.√/
- Umlingiswa onguManyoba ukusifundisa ngokubaluleka kokuzibekela imali yomhlalaphansi uma usasebenza ukuze ungahlupheki.√/
- Abalingiswa abangamakhosikazi kaMjwayeli noFanyana ukusifundisa ngokubaluleka kokuthi amadodana axoxisane namakhosikazi awo ngaphambi kokuthatha izinqumo ezibalulekile ezithinta ukubhekwa kwabazali noma umndeni.√/
- Umlingiswa onguManyoba ukusifundisa ngokubaluleka kokungalilahli ithemba uma izinto zingakuhambeli kahle, njengoba adlala iLotho wawina imali eyagcina imsize ukubuyisela impilo esimweni esihle.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3**

***UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1.1 Akulona iqiniso.√ (1)

3.1.2 Iqiniso.√ (1)

3.1.3 Iqiniso.√ (1)

3.1.4 Akulona iqiniso.√ (1)

3.1.5 Iqiniso.√ (1)

3.2 Epulazini.√ (1)

3.3 ukuthukuthela.√/A√ (1)

3.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imvelaphi kaTholakele abayazi kanti noBhekani kuncane akwaziyo ngalo muntu wesifazane afuna ukumshada.√/
- UTholakele ungumfelokazi osazilile.√/
- Akaziwa ukuthi usebenza msebenzi muni uTholakele.√/
- Endaweni kwakudume ukuthi uTholakele udayisa insangu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.5 Wayethi uma ezifaka esikalweni, ezihlolisisa zonke zingafaneli ukumgana.√ (1)

3.6 3.6.1 UZenze.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Unobugebengu ngoba wayehlangene noTholakele noPamella ekudayiseni izidakamizwa, ukusabalalisa imali yomgunyathi, waqola noBhekani futhi.√/
- Uyiqili ngoba wathatha imali yelobolo wangayihambisa kubo kaTholakele.√/
- Akathembekile ngoba wakhohlisa uBhekani ethi kufuneka enye imali yelobolo√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.6.2 Umalume kaBhekani.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Akezwani nehlazo ngoba wayengafuni ukuthi umshana wakhe ashade nomfelokazi okwakuzofaka wonke umndeni ehlazweni.√/
- Ulikhonzile isiko lesintu ngoba uthanda ukuthi izinto zenziwe kulandelwe indlela yesintu yokuphila.√/
- Uyazazisa izihlobo zakhe ngoba waphuthuma emzini kadadewabo ngesikhathi ecelwa ukuba enze njalo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.7 Ubugebengu√/Uthando√ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Indaba ikhuluma ngobugebengu kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.√/
- Ikhuluma ngothando kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umalume wamduba ngoba uBhekani enza izinto eziphambene nomndeni, efuna ukushada nomfelokazi osazilile, ongafundile, ongaziwa nemvelaphi yakhe.√√/
- Umalume wathi angeke abe yingxenye yabantu abazohambisa ilobolo. √√/
- Wathi angeke aze aye emshadweni ngoba uBhekani wayengafuni ukulalela unina.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uthandana namantombazane amaningi ngesikhathi esisodwa.√/
- Wakhombisa ukungathembeki ngesikhathi uLindiwe efika kuye ezoxolisa ngokungamtsheli ukuthi usethandana noTholakele.√/
- Washiya uLindiwe endlini wahamba noTholakele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

3.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayegqoke izingubo ezimnyama.√/
- Wayefake isiketi esinezinkinobho phambili ezisuka phezulu ziphele ezansi. √ (1)

3.11 Azikho.√ (1)

3.12
- Singayitholaphi indawo esingahlala kuyo isikhashana eside nje Tholakele? √
- Kanti uhlala wedwa? √ (2)

3.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UTholakele wenzela uBhekani isiphuzo esibandayo. √/
- Ngesikhathi uTholakele enza isiphuzo, uBhekani wathola kahle ithuba lokumbuka. √/
- Isiketi esasigqokwe uTholakele sasinezinkinobho phambili ezisuka phezulu ziphele ezansi. UTholi wayengazifasile ezimbili ezingasekugcineni. √/
- Amehlo kaBhekani ayengasasuki kuleso sikhadlana sezinkinobho esasiveza ithanga likaTholi. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.14 **Izenzo ezinhle**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayekwazi ukuxolisa uma enze iphutha.√/
- Wayephathela umama kaBhekani izipho uma evakashele kubo kaBheki.√/
- Wayekwazi ukuxolela ngoba waxolela uBheki emva kokuba emlaxazile ekhulelwe ingane yakhe.√/
- Wafunda waze waba nguthisha.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

**KANYE**

**Izenzo ezimbi**:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayelova esikoleni ehleli kubo kaBhekani.√/
- Wayezifikela kubo kaBhekani ngaphandle kokumenywa noma ukucelwa.√/
- Waya ocansini olungaphephile.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Nguye esimthola ekuqaleni kwendaba kuze kube sekugcineni.√/
- Nguye obhekene nenkinga yokufuna ukuganwa njengokuyalela kwephupho likayise.√/
- Zonke izigameko ezenzeka endabeni zithinta yena.√ (2)

3.16 Kwaba isenzo esihle ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayengeke akuthole ukujabula ngoba babefuna ukumshadisa nomuntu angamthandi.√/
- Babengeke bahlalisane kahle noBhatomu ngoba umshado wabo wawungeke ube nesisekelo sothando.√/
- Wayengagcina esehlukumezeka ngoba uBhatomu uyindoda enodlame.√/
- Kwakuzosho ukunikela ngelungelo lakhe lokuzikhethela okumele akwenze emva kokushonelwa umyeni wakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.17 Umbhali uphumelele ukusivezela kahle isifundo kule noveli ngoba usebenzise:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Umlingiswa onguBhekani ukusifundisa ngokubaluleka kokulalela abazali uma bekuxwayisa ngomuntu othandana naye, njengoba umama kaBhekani nomalume wakhe babemxwayisa.√/
- Umlingiswa onguSifiso ukusifundisa ukubaluleka kokulalela izeluleko zabangani bakho ukuze ugweme izinkinga, uBhekani wangena ezinkingeni ngoba akazithathanga izeluleko zikaSifiso.√/
- Izenzo zoTholakele, uPamella noZenze ukusifundisa ukuthi ubugebengu abubuyiseli ngalutho, ngoba baphelela ejele. √/
- Ukuxhamazela kukaBhekani ukushada noTholakele ukusifundisa ngokubaluleka kokuthola ulwazi olwanele ngomuntu ngaphambi kokumshada. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 NguDlamini.√ (1)

4.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wathi yena usenaye umama omphekelayo njengoba ayengaganiwe.√/
- Wayengathandi ukuhamba sekuhlwile. √/
- Wathi ayikho inkinga uma engadli ngoba uhlale edla lapha ekhaya kwaDuma.√ (2)

4.3 Wayeboshelwe ukuhlasela/ukushaya uMbandlwa ngosuku lomhlangano.√ (1)

4.4 C√/ Ukukhuluma ngobuciko. √ (1)

4.5 Yingoba uDuma akazange azehlise kwasekuqaleni athathise enkosini uShandu uma efuna ukubiza umhlangano.√√ (2)

4.6 Mbandlwa, ngicela usho uma ngabe unenkinga nge-*air time* futhi ungajwayeli ukuyivala iselula yakho. √√ (2)

4.7 4.7.1 D√/UDlamini.√
4.7.2 A√/UDuma.√
4.7.3 E√/UMbandlwa.√
4.7.4 B√/UShandu.√
4.7.5 C√/UMaNgema.√ (5)

4.8 Uvuthondaba lulapho kunomhlangano wokuthelelana amanzi owawuphethwe uMfundisi uMazongolo efunda incwadi eyayibhalwe yinkosi uShandu isesibhedlela.√√ (2)

4.9 Ikhansela uDuma lacela uSayitsheni ukuthi agcine ukuthula endaweni.√√ (2)

4.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kwenza ukuthi inkosi uShandu ingameseki ngoba ibona engakhombisi inhlonipho, lokhu kwawuhlukanisa phakathi umphakathi futhi kwakuzokwenza izinhlelo zentuthuko ziphazamiseke.√/
- Kwenza ukuthi uDlamini amlwise njalo uma ezama ukumemezela umhlangano ngoba wayengathathisi enkosini uma ezoba nomhlangano, lokhu kwakwenza ukuba angakutholi ukwesekelwa yinkosi. √/
- Ukuzibona engcono kunabanye abaholi engasayihloniphi nenkosi kwenza ukuthi umphakathi ungameseki. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA H**

4.11 Wayethuswe yisimo sikaMbandlwa kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlula kwakhe bedelela. √ (1)

4.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayefuna babonisane ngezinkinga ezazihlasele endaweni ezazidalwa ukungasebenzisani kwenkosi nekhansela, bese beqhamuka nesu lokuzixazulula. √/
- Kwase kunezinkomba zodlame, uMaShezi engafuni ukuthi afe umyeni wakhe uDuma kwazise wayemthanda.√/
- Wathi uyabona futhi uyezwa ukuthi abantu benkosi sebeyaxokozela, bayamsola uDuma. √/
- Wathi akafuni ukubona ake wakubona endaweni yakomalume eseyingane.√ (1)

4.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Itiyela lalizolimaza izinselo zemfuyo yomphakathi.√/
- Kwakuzodingeka ukuthi abantu bakhokhe amaleyithi.√/
- Imfuyo yayizoxhoshwa ugesi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.14 Isimo sokufika kwentando yeningi. √
Lokhu kuqhatha/kuhlukanisa phakathi umphakathi ngokuthi kube khona abahambisana nenkosi uShandu bese abanye bahambisane nekhansela uDuma/intando yeningi. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu ababesemhlanganweni baxhawulana, okuwuphawu lokuthelelana amanzi, kwaba nokuthula endaweni.√/
- Inkosikazi yenkosi neyekhansela bawolana, okuwuphawu lokuzwana. √/
- Inkosi yanikeza uDuma indawo yokusebenzela emzini wayo.√/
- Abantu base bezothola intuthuko endaweni. √ (2)

4.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Usethulela isimo sesigcawu nenkundla. √√/
- Umlandi usinikeza ulwazi ngeminyakazo yabalingiswa. √√/
- Umlandi usazisa ngesimo abalingiswa abasuke bekuso. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.17 UShandu wayehlakaniphile ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wakhuluma iphuzu elibalulekile elithi kwakumele uHulumeni abavikele ngokubafundisa ngokusebenzisana nabantu ekuletheni intuthuko.√/
- Wayezicabangela izinduna ukuthi kumele zihole njengamakhansela.√/
- Wayengazimisele ukulwisana nemithetho kaHulumeni, kodwa wayedinga ukuhlonishwa nje kuphela.√/
- Wathi akathandi ukuthi kubuye udlame nokufa kwabantu endaweni ngoba akuklomelisi muntu.√/
- Uyalalela uma uMaNgema embonisa, njengokuthi akavume ukuxoxisana noDuma.√/
- Wabhala incwadi eyayizodala uxolo emphakathini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

4.18 Wayengumlingiswa olimelayo iqiniso ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngesikhathi uDuma eyocela uSayitsheni ukuthi avakashele uDlamini nenkosi, wathi ngeke alokothe aye enkosini ngoba yayingathinteki esenzweni sikaDlamini sokuphazamisa umhlangano womphakathi. √/
- Wathi kumele uDuma ayihloniphe inkosi nakuba esesikhundleni sobukhansela.√/
- USayitsheni wasola uDuma ngokungathathisi enkosini uma ezoba nomhlangano emphakathini. Akamfihlelanga uDuma ukuthi yiso lesi senzo esasiqhatha umphakathi.√/
- Wakhuthaza uDuma ukuthi angayeki ukuba yikhansela bazosebenzisana naye. √/
- Uyamyala ukuthi akaboqala enkosini uma kukhona afuna ukukwenza emphakathini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**[35]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 Abaphathi basemaphoyiseni.√ (1)

5.2
- Wathi ukhonza naye.√
- uZondo ungumfundisi wakhe. √ (2)

5.3 Wadubula umfundisi efuna ukuntshontsha imali yesonto.√ (1)

5.4 C√/Asithandaze√ (1)

5.5 Yingoba uMbhele wathandana noSonto esashade noMaNtuli, kanti nguye lo Sonto ozogcina emeluleka ngokuthi amise imoto ukuze oMthofi bambulale. √√ (2)

5.6 Kakuzukungisiza nakancane ukuphikisana nawe lapha.√√ (2)

5.7
5.7.1 D√/USonto.√
5.7.2 A√/UMaMkhize.√
5.7.3 E√/UMbhele.√
5.7.4 B√/UZinhle.√
5.7.5 C√/UDlamini.√ (5)

5.8 Uvuthondaba lulapho umseshi uNhleko efica oMthofi bezungeza umuzi kaMbhele ebusuku wathi uma ebabuza ukuthi benzani base bemtshela lonke iqiniso.√√ (2)

5.9 USonto wacela oMthofi ukuthi babulale uMbhele ukuze athole ifa bese ekwazi ukubakhokhela imali yabo.√√ (2)

5.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UZinhle washintsha isikole ayefunda kuso sezinhlanga ezixubile wayofunda endaweni yasemakhaya. √/
- UZinhle wayesezophila ngaphandle kwabazali bakhe ngoba uyise wayesedlulile emhlabeni kanti umama wakhe wayeseboshiwe.√/
- UZinhle walahlekelwa abangani bakhe ayesebajwayele esezoqala abangani abasha. √/
- Isimo senhlalo kaZinhle sashintsha ngoba wayesezohlala nogogo wakhe owayengeyena umacaphunakusale njengobaba wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA J**

5.11 OMthofi balikhipha lonke iqiniso.√ (1)

5.12 Wayengenayo imali yokukhokhela ummeli.√ (1)

5.13
- Ngenxa yokuthi imizi yoDlamini noMbhele yayisondelene, wayekwazi ukubona konke okwenzeka khona uma emi egcekeni. √
- UDlamini wayekwazi ukubona kwaMbhele ngisho ebuka ngewindi.√ (2)

5.14 Isimo sokuthi uSonto ufisa ukuthola imali yokukhokhela uMthofi. √
UMthofi wayesephumile ejele, esefuna imali yakhe kuSonto ngomsebenzi amenzela wona wokubulala uMaNtuli. √ (2)

5.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USonto wakhathazeka ngoba akabange esakwazi ukuthola ifa likaMbhele ngenxa yemibandela ayeyibekile ngefa lakhe.√/
- Waphila ngokukhathazeka ngoba akabange esakwazi ukukhokhela oMthofi imali yabo njengokwethembisa kwakhe. Lokhu kwenza ukuthi aphile ngokubaleka, angabi nokuphumula.√/
- Wabolela ejele ngoba wabanjwa esathi uyabaleka.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Usethulela isimo sesigcawu nenkundla.√√/
- Umlandi usinikeza ulwazi ngeminyakazo yabalingiswa. √√/
- Umlandi usazisa ngesimo abalingiswa abasuke bekuso. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.17 UMbhele wayengahlakaniphile kangako ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UMbhele ukholwa konke okushiwo nguSonto ngisho kungawenzi umqondo.√/
- UMbhele wayengayinaki indaba yokuphatha ukhiye womuzi wakhe. Lokho kwakudala ukuthi uma engamficanga uSonto angakwazi ukungena endlini. √/
- Wayesefuna ukuyolwisa oMthofi ngesikhathi becashe noNtshangase kwaDlamini. Lokhu kwakungamdalela ingozi ngoba wayengakujwayele ukusebenzisa isibhamu njengoMthofi. √/
- Washayela uSonto ucingo ngesikhathi ebona imoto emlandelayo esikhundleni sokushayela amaphoyisa, ekubeni esazi ukuthi uSonto wenza izinto ezingasaqondakali.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

5.18 Wayengumlingiswa olimelayo iqiniso ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayekhombisa ukumsola uSonto ngezenzo zakhe zobugebengu, akazange amvune.√/
- Wayengakholwa ukuthi nguye lo owazala isigebengu.√/
- Kwathi noma emsola uSonto, wamkhuthaza ukuthi angalilahli ithemba. √/
- Wayemvakashela uSonto esejele.√/
- Wavuma ukuthi uzomkhulisa ngobuqotho uZinhle.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 NguMaMbatha.√ (1)

6.2
- Wathi abantu bavele bacabange ukuthi owesifazane wayebabhangqile abafokazi labo.√
- Abantu bangasola ukuthi ofuna ukungena umfelokazi nguye owabulala umufi.√ (2)

6.3 Wayeboshelwe ukugwaza uDumisani.√ (1)

6.4 C√/ Kuyasiza ukubuza kwabanolwazi. √ (1)

6.5 Zikhona ezinye izindlela ayengazisebenzisa uSipho ukuvikela uThenjiwe ngaphandle kokusebenzisa ummese.√√` (2)

6.6 Umuntu unelungelo lokuzikhethela inqubo yakhe kulezi zinsuku.√√` (2)

6.7
6.7.1 D√/UGugu.√
6.7.2 A√/UThenjiwe.√
6.7.3 E√/Ugogo.√
6.7.4 B√/UNondumiso.√
6.7.5 C√/UDumisani.√ (5)

6.8 Uvuthondaba lulapho kunomhlangano womndeni wakwaZungu nowakwaMondise, kukhulunywa udaba lukaThenjiwe lokufakela uDumisani ushevu etiyeni, uThenjiwe esevuma ukungenwa nguDumisani.√√ (2)

6.9 UThenjiwe wafakela uDumisani ushevu ongujuqu etiyeni.√√ (2)

6.10
- UMaMbatha waphoqelela uThenjiwe ukuba avume ukungenwa uDumisani uma efuna asule icala bese kukhululwa uSipho ejele. √
- UMaMbatha wafafaza inkulumo engelona iqiniso emphakathini ukuthi uThenjiwe uthandana noSipho, yingakho ayengavumi ukungenwa uDumisani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**ISIQESHANA L**

6.11 NguThenjiwe noDumisani. √ (1)

6.12 Wathi uzofuna owakhe umakoti ozohlala lapha ekhaya bakhe naye umuzi.√ (1)

6.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wavele wahamba waya kubo kwaze kwaba kabili, engavumelananga nabasemzini.√/
- Uyazincoma ukuthi wavele wahamba wamshiya kanjalo uMaMbatha esakhuluma naye.√/
- Ukhuluma amazwi angenayo inhlonipho uthi yena akasona isilima sokudlala umamezala.√/
- Washaya uThabi ngesikhathi ememeza esho ukuthi umbonile efakela umfowabo ushevu etiyeni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.14 Isimo sokuthi uThenjiwe aphoqelelwe ukuthi alandele isiko.√
Umndeni wakwaZungu wawufuna ukuthi uThenjiwe angenwe uDumisani emva kokushona komkhwenyana wakhe, uSikhumbuzo. √ (2)

6.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Waba senkingeni ngoba abakwaZungu bathi kufanele aye ejele, noma abizelwe umndeni wakubo.√/
- Yashintsha impilo yakhe ngoba kwaphetha ngokuthi avume ukungenwa nguDumisani, le nto ayengayifuni.√/
- Yashintsha yaba mnandi impilo emzini, imindeni isithelelene amanzi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Usethulela isimo sesigcawu nenkundla.√√/
- Umlandi usinikeza ulwazi ngeminyakazo yabalingiswa. √√/
- Umlandi usazisa ngesimo abalingiswa abasuke bekuso. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.17 UZungu wayehlakaniphile ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UZungu ukhombisa ubuhlakani ngokuthi athi uthanda ukuthi azihlaziye kahle izinto uma bekhuluma ngesiko lokungenwa.√/
- Akamvaleli ngaphandle uThenjiwe, uthi uma efuna ukubeka umbono bayomlalela.√/
- Uyamkhuza uMaMbatha ngokuthathela izinto phezulu, nokungamchazeli kahle uDumisani ngesifiso sabo sokuthi angene uThenjiwe.√/
- Nguye owabonisa uMaMbatha ukuthi leli siko selidinga ukubhekisiswa.√/
- Wayesethathe isinqumo sokuyombheka uThenjiwe njengoba ayehambe engashongo ekhaya.√/
- Wazibophezela ukuthi uzobeseka oThenjiwe noDumisani uma kwenzeka behlangabezana nezinkinga.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

6.18 Wayengumlingiswa olimelayo iqiniso ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wamsola kakhulu uThenjiwe emva kokuthi uSipho egwaze uDumisani. √/
- Wasigxeka isenzo sikaSipho sokulamula ngommese.√/
- Wamtshela uThenjiwe ukuthi akumele athathe izinto ngamawala, aze enze izinto ezingekho emthethweni. √/
- Weluleka uThenjiwe ukuthi kufanele ayoxolisa kubona bonke abantu ayebonile. √/
- Wamtshela uThenjiwe ukuthi akazimisele ukumkhohlisa, uzomtshela iqiniso njengoba linjalo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

**UMBUZO 7**

7.1 **'AMATHUNZI EZINTABA' – NAP Khumalo**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Otshanini√/ Otshanini eceleni kukaSiziba.√/ Esicongweni sentaba iNcombo√ (1)

7.1.2 OKUKODWA kwalokhu:

- izintaba√/
- amagquma√/
- imihosha√/
- imifula√/
- Isibhakabhaka√/
- Ulwandle√ (1)

7.1.3 Amehlo ayegijima agcine kude le ...√/ ... ulwandle sasilubuka laphaya ... √ (1)

7.1.4 Wayejabulele ukuhlala kamnandi nesithandwa sakhe amehlo abo ebuka imvelo.√√ (2)

7.1.5 Amazwi kaSiziba ayemahle kakhulu ngaphezu kwalokhu okwakulindelwe nguNomkhosi.√√ (2)

7.1.6 Abheke phansi ekhombisa uthando lwesoka lakhe.√√ (2)

7.1.7 Le ndaba inesizinda esiqoqekile ngokwesikhathi ngoba yenzeka ngesikhathi esifushane, esingadonsi kakhulu.√√ (2)

7.1.8 Uvuthondaba lutholakala lapho uSiziba ethusa uNomkhosi ngohlobo lwemvunulo ayeyifakile, kanti uzokwethuka agcine ngokushona uNomkhosi.√√ (2)

7.1.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kufanele sizikhethe izinto esidlalisa ngazo abantu abanenkinga yokwesaba, njengoba uSiziba wethusa uNomkhosi ngokumemeza kakhulu athi, 'Hha! Kanti uzogcina eseshona ngenxa yokwethuka.' √√/
- Abantu kumele bakuqonde ukuthi ukudlala ngezinto ezinobungozi kungagcina kubafaka emacaleni, njengoba uSiziba agcina ethethiswa icala enduneni uSithabathaba. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.10 Imibono iyokwehluka:
Kwakufanele ahlawuliswe ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakungeke kulunge ukuthi angajezi ngesenzo sakhe sokukhipha umphefumulo. √√/
- Wayeyazi inkinga kaNomkhosi yokwethuka, ngakho-ke kwakufanele aqaphele uma emdlalisa. √√/
- Induna uSithabathaba wayefuna kube nokuxolelana nokuthula phakathi kwale mindeni. √√

**NOMA**

Kwakungafanele ahlawuliswe ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayengahlosile ukubulala isithandwa sakhe, wayethi uyadlala. √√/
- Ukuhlawuliswa sekwengeza ubuhlungu ngoba wayeseshonelwe ingoduso yakhe. √√/
- Ukujeziswa kwakhe kwakungeke kubathobe amanxeba abakubo kaNomkhosi, kunalokho kwakuzobavusela amanxeba uma belokhu bebuka izinkomo zenhlawulo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

7.2 **'INGCEBO YEZICEBI NEZIMPOFANA' – MJ Mngadi**

7.2.1 NguDave McCall √/NguMnumzane MacCall. √ (1)

7.2.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayengenazo izingane nonkosikazi. √/
- Wayengenabo ubudlelwane bomndeni obunesisekelo sothando. √/
- Wayengenabo abangani. √ (2)

7.2.3 UValerie wayezibona esemdabukela uMnumzane MacCall ngoba wayesebenza kakhulu engakutholi ukuphumula. √√ (2)

7.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Indaba iphetha sebezwana oValerie noMnumzane McCall, bakhiphelana wonke amaqiniso ngempilo yabo. √/
- UMcCall uxoxela uValerie ngokulahlekelwa yingoduso. √/
- UValerie usiza uDave ngokumbonisa ukuthi ayovakashela abazali bakhe ekhaya labadala. √/
- UDave ushintsha impilo yakhe, uqala ukubona ukubaluleka kokuba nesikhathi nabantu asondelene nabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.5 C√/Wenza ngani√ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.6
- Okufanayo ukuthi bobabili babephila impilo yokungabi nesikhathi sabanye abantu, bekhonze umcebo.√
- Umehluko ukuthi uDave wayenawo umcebo√ kanti uValerie yena ngakolunye uhlangothi wayesempofu.√ (3)

7.2.7 Simveza njengomuntu:
OKUKODWA kwalokhu:
- Onothando. √ Waqamba ibha ngaye ukuze angakhohlwa. √/
- Onozwelo.√ Wayesebonile ukuthi uValerie wayesephelelwe ukuzethemba, ngakho-ke ukuqamba ibhizinisi elithile ngaye, kwakuzobuyisa umuzwa wokuzethemba kuValerie. √ (2)

7.2.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Babengakwazi ukubekezelela ukuhlala bodwa njengoba uDave wayengenaso isikhathi asichitha nabo. √√/
- Babengaziboni bebalulekile empilweni kaDave ngoba wayehlala ematasatasa ngomsebenzi namabhizinisi akhe. √√ (2)

7.2.9 Isingeniso sihle ngoba:
- Siqoqekile√
- Sisethulela umlingiswa omkhulu, uValerie Bennett nenkinga abhekene nayo, okungukuthi uhlaliswe emzini wesigwili uDave McCall omenzela konke amphathise okwendlovukazi uqobo, kodwa konke lokho akumjabulisi uValerie kunalokho kuyamzacisa usuku nosuku.√
- Umbhali usethulela nesizinda sendawo ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yaseMhlali, okuyindawo egudle ulwandle ehlala izigwili ngesikhathi sanamuhla.√ (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C : 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

**UMBUZO 8**

8.1 **'SEZIBUYA INHLAZANE' – SB Mlambo**

8.1.1 Sezibuy' inhlazane
Sekugqigqwa namagula√/
Sekusikhathi sokukleza. √
Imvumelwano Siqalo√

Amamaki azokwabiwa ngale ndlela elandelayo:
- Imaki lokuqala elokukhipha okungenani imisho emibili elandelanayo.
- Imaki lesibili elokubhala uhlobo lwemvumelwano (2)

8.1.2 Imbongi ithi kulesi sitanza asebeqedile ukufunda sebeyayikizela ngemiyeko yokunqoba. √√ (2)

8.1.3 Imbongi iqonde ukuthi labo abangaphumelelanga sebebabuka kabi.√√ (2)

8.1.4 Ukugcizelela/ukubabaza indlela abantu abangaphumelelanga ababadelela ngayo labo abafunde baphumelela bethi sebeyazitshela/sebeyaziqhenya ngokufunda kwabo.√√ (2)

8.1.5 Amahinikazi. √ (1)

8.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kumele abantu bafunde ukuze isizwe sethu siphumelele siqhubekele phambili. √/
- Kumele sifunde ngokuzimisela ukuze sibe nokusizakala ezimpilweni zethu kusasa. √/
- Akekho umuntu ongakuphuca imfundo oyisebenzele wena ngokuzimisela. √/
- Asebephumelele, baqhubekela phambili nemfundo, kuhle bakhuthaze nabanye ukuba bafunde nabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.1.7 Abafundi abaphumelele ngenxa yokufunda ngokuzimisela.√√ (2)

8.1.8 Imbongi iqonde ukuthi nalabo abasaqhubeka nokufunda, abacobelele nabanye amacebo okuphumelela kwezemfundo. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.1.9 Izimpendulo ziyokwehluka:

Ngiyavumelana ngoba:

OKUKODWA kwalokhu:

- Iziqu zemfundo ozizuzile awusoze walahlekelwa yizo ziyohlale ziwusizo kuwe impilo yakho yonke. √√/
- Uma usufunde wagogoda akekho noyedwa ongathatha iziqu zakho azenze ezakhe. √√/
- Imfundo iyohlale ikusiza ngokuthi uthole umsebenzi bese uphila impilo engcono. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

**NOMA**

Ngiyaphika ngoba:

OKUKODWA kwalokhu:

- Yize iziqu zakho zingasoze zathathwa muntu, kodwa angeke zikusize ngazo zonke izikhathi. Bakhona abantu abahleli emakhaya abangasebenzi yize beneziqu zabo ngenxa yokusweleka kwamathuba omsebenzi. √√/
- Inkohlakalo iphinde yenze kube nzima kubantu abaneziqu ukuthi bathole imisebenzi. Isikhathi esiningi abantu sebeqashana ngokwazana kunokubheka ikhono kanye neziqu zomuntu. √√/
- Ukwanda kokusetshenziswa kwezidakamizwa notshwala kwenza ukuthi umuntu angaqasheki ngenxa yokugxila kwakhe ezidakamizweni.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 **'NONKULULEKO' – Nomthandazo C Makhanya**

8.2.1 Ezintabeni zasemaweni√
Emagqumeni nasezigodini. √ (2)

8.2.2 Nonkululeko ntokaz' enhle√ (1)

8.2.3 Mana <u>njalo</u> kuleyo nqubo,
Qhubeka <u>njalo</u> kuleyo migomo, √
Ukuxhumana maphakathi √

**NOMA**

Mana njalo <u>kuleyo</u> nqubo,
Qhubeka njalo <u>kuleyo</u> migomo,√
Ukuxhumana maphakathi√

Amamaki azokwabiwa ngale ndlela elandelayo:
- Imaki lokuqala elokukhipha imisho yomibili nokudwebela amagama.
- Imaki lesibili elokubhala uhlobo lokuxhumana. (2)

8.2.4 Ukwenzasamuntu. √ (1)

8.2.5 Inhloso yembongi yokusebenzisa isizura/isikhawu emgqeni we-17 ukubala izinto abazenzayo uma sebejatshuliswe ukuthola inkululeko.√ ukusina indlamu nokusina umchwayo kokubili okuwuhlobo oluthile lokusina.√ (2)

8.2.6 Umugqa wama-26 kuya kowama-27:
Ukufika kwakho kufana √
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,√

**NOMA**

Umugqa wama-29 kuya kowama-30:
Ubukhona bakho bush' ukuhlabana√
Okuyosala kungumlando waphakade. √ (2)

8.2.7 C √/ Inkululeko√ (1)

8.2.8 Imbongi iqonde ukuthi ukuba khona kwenkululeko kusho ukuphumelela noma impumelelo.√√ (2)

8.2.9 Ulisebenzise kahle ngoba ukuphithana kusho ukudideka okungaba okomqondo noma udidwe okuthile. Lapha imbongi igcizelela ukuthi ukufika kwenkululeko kuqeda ukudideka kubantu.√√ (2)

8.2.10 Isigqi sale nkondlo siyashesha √ ngenxa:
- Yomoya wokujabula ngoba imbongi iveza imizwa yayo yokujabula noma yokuthokoza ngenkululeko eletha ukujabula kubantu.√
- Yokuthi imigqa eminingi kule nkondlo mifishane. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**